ISOLEZWE (KZN)
Tuesday, 30 November 2010, p. 2

Eyegalofu izohlomulisa abaningi

BONISWA MOHALE

UKWAKHIWA kwendawo yokudlala igalofu ezoba nezindawo zokuqeqesha intsha engazi lutho ngalo mdlalo kuzodala amathuba omsebenzi alinganiselwa ku-6 000 kubantu abakhelene neZimbali, eBallito.

Le ndawo ezodla u-R100 million iqanjwe ngengqalabutho yomdlalo wegalofu uGary Player (75), kanti izokwakhiwa maduze njengoba izolo kuphendulwe isoyi.

Ngokusho kukaWessel Witthuhn onguMengameli wamahhotela akwa-IFA e-Afrika ukwakha indawo yokudlala igalofu kuzodala amathuba emisebenzi angu-950 kubantu abazosebenza ngokugcwele bese kuthi uma sekufakwa izindlu kuqashwe abanye abangu-2 000.

Le ndawo izobizwa ngeGary Player Signature Course.

"Esigabeni sokwakha kuzobe kungabantu abangamatoho abangu-2 950 bese kuthi uma sekuqediwe ukwakhiwa kuvuleke ezinye izikhala zabazoqashwa ngokugcwele," kusho uWitthuhn.

Ukwakhiwa kweGary Player Signature Course kuyingxenye yentuthuko eqhubekayo eZimbali Lakes Resort.

UGary Player uthe ukujabulele kakhulu ukuba yingxenye yale ntuthuko kanti isifiso sakhe ukuthi kube khona umdlali wegalofu osezingeni lomhlaba omnyama ozophuma eNingizimu Afrika. Lokhu uthe kuzokwenzeka ngoba kule ndawo yokudlala igalofu kuzobuye kufundiswe nezingane lo mdlalo.

UNgqongqoshe wezoku-Thuthukiswa koMnotho nokuVakasha uMnuz Mike Mabuyakhulu, uthe ukwakhiwa kwale ndawo kuzothuthukisa ezokuvakasha kulesi sifundazwe.

Utuse uGary Player ngokuba yinxusa elimele kahle iNingizimu Afrika emdlalweni wegalofu nasekuthuthukiseni isizwe.

"Okwenza le ntuthuko ibaluleke KwaZulu-Natal wukuthi ifike ngesikhathi umhlaba nomkhakha wezokuvakasha usuqala ukukhombisa izimpawu zokuba ngcono emva kokufadabala komnotho," kusho uMabuyakhulu.

UGARY Player ethula inkulumo yakhe eZimbali Resort emva kokuphendula isoyi lapho kuzokwakhiwa khona indawo yokudlala igalofu

Izithombe: NQOBILE MBONAMBI

UNGQONGQOSHE wezokuVakasha e-KZN uMnuz Mike Mabuyakhulu ethula inkulumo eZimbali Resort emva kokuphendula isoyi lapho kuzokwakhiwa khona indawo yokudlala igalofu